



**an agency of the**  
**Department of Sport, Arts & Culture**

**The KwaZulu-Natal Performing Arts Company**

Declared in terms of section 3(1) of the Cultural Institutions Act, 1998 (Act No 119 of 1998) on 01 April 2003  
PO Box 5353, DURBAN, 4000, 29 Acutt Street, DURBAN, 4001, KwaZulu-Natal, South Africa  
Tel: (031) 3699555, Fax: (031) 306 2166, Production Services Mayville, Tel (031) 208 4171 Fax: (031) 208 4162  
<http://www.playhousecompany.com>

## **I- PLAYHOUSE COMPANY**

**IMEMA UKUBA KUFACWE IZICELO MAQONDANA: NOKUDWETSHWA, UKWAKHIWA, UKUHLINZEKWA, UKUFACWA KANYE NOKUGUNYAZWA KOKUSEBENZA KWE-PIT LIFT ENTSHA YE-ORCHESTRA KANYE NOKULUNGISWA KABUSHA KWENDLELA YOKUSEBENZA KWEZIHLELO EZIKWAZI UKUPHAKAMA EZIKU-AUDITORIUM UKUZE KUBE LULA UKUNYAKAZA NOKUHAMBANA NGAPHAKATHI ETHIYETHA YEMIDLALO YESHASHALAZI ESE-PLAYHOUSE COMPANY, ETHEKWINI.**

## **INKOMBA: PHC 77/2023**

I- Playhouse Company yiNkampani Yezobuciko erejistwe ngokweSigaba 3(1) soMthetho Wezikhungo Zezamasiko, we-1998, ngenhloso yokuqhakambisa ezobuciko Namasiko KwaZulu- Natali.

Kumenywa abazobhida ukuba bathumele izicelo zabo:

- Zokudweba, ukwakha, ukuhlinzeka, ukufaka kanye nokugunyaza ukusebenza kwe-pit lift entsha ye-Orchestra.
- Ukulungisa kabusha indlela yokusebenza kwezihlelo ezikwazi ukuphakama uma umuntu esukuma eziku-auditorium ukuze kube lula ukunyakaza nokuhambana ngaphakathi.
- Ukuhlinzeka ngohlelo lomklamo olucacisa yonke imininingwane.
- Ukuhlinzeka ngamapulani endlela ezobukeka ngayo, imidwebo yemishini ezofakwa kanye nokufakelwa kukagesi.
- Ukuhlinzeka ngesheduli yezindleko.
- Ababhaidayo kudingeka bakale ubungako bendawo ngosuku abazohambela ngalo indawo okuzokwenziwa kuyo umsebenzi.
- Imininingwane ephelile yohlobo nobungako bomsebenzi ozokwenziwa ifakwe emqulwini wethenda.

## **Lapha ngenzansi yizinto ezidingekayo kanye nemiqulu okumele uyilethe ukuqiniseka ukufaneleka kwakho ukubhidela ithenda:**

- Ukuthi urejistile ohlwini lwabahlizeka ngemisebenzi oluyisizinda jikelele lukaMgcinimafa kaZwelonke (C.S.D)
- Kuphoqelekile ukuthi ube nesitifiketi esisemthethweni esiqinisekisa ukuthi uyayikhokha intela (Valid Tax Clearance certificate) noma inombolomfihlo (pin) owayithola ka- SARS;
- Isitifiketi esisemthethweni se-B-BBEE kumbe isitatimende esifungelwe.
- Umbiko Wokucwaningwa kwezitatimende zezimali weminyaka emi-3 edlule osanda kwenziwa
- Ifomu le-SBD eligcwalisiwe futhi lasayinwa
- Amathenda/ izilinganisomanani zokwenza le misebenzi kumele zilethwe mathupha kuleli kheli elibalulwe lapha ngenzansi.

Imiqulu yamathenda iyatholakala kusizindalwazi samathenda kanye naseNhlokohhovisi yase-Playhouse Company, ku-29 Acutt Street kusukela mhla **ziyi-19 kuNhlaba wezi-2023**. Ukuze ukwazi ukuthola amaphepha ethenda kudingeka ukhokhe imali engukheshi engu- R 350 ongayukubuyiselwa yona.

Umhlangano ophoqelekile uzobanjwa ngoLwesine mhla zingama-**26 kuNhlabha wezi-2023, ngehora lesishiyagalolunye (09h00) ekuseni** e- Playhouse Company, ku- Theatre Building, 231 Anton Lembede Street, Durban 4004.

**Usuku lokuvala** lokulethwa kwamathenda ngumhla zingama-**30 kuNhlangulana wezi-2023 ngo-11h00 ekuseni**. Angeke zibhekwe izethulo zamathenda ezilethwe sekudlule isikhathi. Izecelo kumele zilethwe zifakwe emvilophini ebhalwe ngokucacile, yavalwa; zibhekiswe koyiSikhulu Esiphezulu e -The Playhouse Company, 29 Acutt Street, Durban 4001.

Uma unemibuzo uyacelwa ukuba uxhumane noMnu. Siya Manqele kule nombolo yocingo: 031- 369 9507 noma kule i-imeyili: [accountingassistant@playhousecompany.com](mailto:accountingassistant@playhousecompany.com)